*Every child should own a hundred books by the age of five. To that end, Book Dash gathers creative professionals who volunteer to create new, African storybooks that anyone can freely translate and distribute. To find out more, and to download beautiful, print-ready books, visit bookdash.org.*

*Isidleke esihle kunazo zonke*
*(The Best Nest)*
Illustrated by Megan Vermaak
Written by Crystal Warren
Designed by Ashlyn Atkinson
Edited by David Mann
Translated by Busisiwe Pakade
with the help of the Book Dash participants in the Virtual Book Dash on 18 September 2021.

ISBN: 978-1-77632-433-0

This work is licensed under a Creative Commons Attribution 4.0 Licence (http://creativecommons.org/licenses/by/4.0/). You are free to share (copy and redistribute the material in any medium or format) and adapt (remix, transform, and build upon the material) this work for any purpose, even commercially. The licensor cannot revoke these freedoms as long as you follow the following license terms:

Attribution: You must give appropriate credit, provide a link to the license, and indicate if changes were made. You may do so in any reasonable manner, but not in any way that suggests the licensor endorses you or your use.
No additional restrictions: You may not apply legal terms or technological measures that legally restrict others from doing anything the license permits.
Notices: You do not have to comply with the license for elements of the material in the public domain or where your use is permitted by an applicable exception or limitation.
No warranties are given. The license may not give you all of the permissions necessary for your intended use. For example, other rights such as publicity, privacy, or moral rights may limit how you use the material.

Unyoni Eluhlaza Okwesibhakabhaka unesithukuthezi.

“Ngikhathele yilesi sidleke,” kusho yena. “Sidinga indlu entsha.”



the-best-nest_interior.indd 6 2021/12/14 16:39

“Uma uphikelela ukuthi akube njalo,” kusho uNyoni Ensundu.

“Kodwa angeke ngithuthe lapha ngaphandle uma isidleke esisha singcono kunalesi esinaso manje.”

“Yebo, kusho uNyoni Eluhlaza Okwesibhakabhaka.

“Kuzoba yisidleke esihle ngokwedlulele. Ngizothola isidleke esihle kunazo zonke!”



the-best-nest_interior.indd 8 2021/12/14 16:39

“Bheka lesi sidleke esihle! Sintofontofo
futhi sifudumele.
Futhi umuntu angaba nombhede wakhe.

Lesi yisidleke esihle kithina.”



the-best-nest_interior.indd 11 2021/12/14 16:39

“Bheka lesi sidleke esihle. Sigqame kakhulu futhi sinemibala emihle.

Lesi yisidleke esihle kunazo zonke.”



“Bheka lesi sidleke esikhazimulayo. Bheka ukuthi sibenyezela kanjani.

Lesi yisidleke esihle kunazo zonke esengike ngazibona.”



the-best-nest_interior.indd 19 2021/12/14 16:40

“Bheka nje, lesi sidleke esikhulu!
Sinaso nesicabha saso.

Lesi yisidleke esihle kunazo zonke.”



the-best-nest_interior.indd 23 2021/12/14 16:40

“Bheka lesi sidleke.
Bheka ukuthi sakhiwe kahle kanjani.

Lesi yisidleke esihle kunazo zonke.”



the-best-nest_interior.indd 27 2021/12/14 16:40

